

khehla nesalukazi bakhishiswe okwezingcanga endlini yomndeni

thiwa izimpahla zabo zisakazwe egcekeni kwabulawa iminyango namawindi



ZISALE zisakazeke egcekeni izimpahla zabadala abakhishwe ngesankahlu endlini.

E wusizi lodwa uMnu Boy Mlaba noNkz Thoko Mkhize bekhishiswa okwezilwane endlini asebehiale kuyona iminyoba uMnu Duncan Mlaba.

HOMBE NGU: JOHN HLONGWA

si ukuthi bekuke kwahlala ntu kuyona. "Sengenesikhathi eside niglihlala kule ndlu, kumanje kangazi nokuthi sizolalaphi," kusho uMnu Mlaba.



Uthi phambilini umfowabobo wamtshela ukuthi indlu uayidayisa kanti akazi ukuthi ukwenze kanjani lokho njengoba yindlu yakubo naye.

UMnu Thembinkosi Mkhize, oyilungu le-ward committee kule ndawo, uthi lolu daba luke lwafika kubona kanti kubathnile ukuthi uMnu Mlaba akhishwe ngale ndlela.

"Bake bafika phambilini bezobika lolu daba, sabiza umfowa-

bo lona osolwa ngokudayisa indlu ukuba sizwe ukuthi uyidayise kanjani.

"Inkinga wukuthi amaphepha aveza ukuthi le ndlu ingaphansi kukahulumeni, kwazise ngesikhathi abazali bakhe uBoy beshona, babengakayithengi, okusho ukuthi ibingakabi nalo itayitela.

"Sizame kanangi ukuxhumana nomfowabobo kaMnu Mlaba ukuba azosichazela ukuthi uyidayise kanjani le ndlu, kodwa singamtholi," kusho yena.

Imizamo yokuxhumana nomfowabobo kaMnu Mlaba iphelele eboyeni okwezithukuthuku zenja. **ILA-NGA** lithole inombolo

okuthiwe ngeyenkosikazi yomfowabobo kaMnu Mlaba, okuthiwe uma ishayelwa, oyiba-

mbile wathi unguLindiwe. Utshela leli phephandaba ukuthi "umeyeni" wakhe aekho, usaye eBlomfontein, wathi makathintwe ngoLwesibili ngoba ucingo lwakhe lwanegena emanzini.

UMnu Slindelo Mzila okusolwa ukuthi nguyenothenga le ndlu, akafunanga ukuphawula ngodaba lokudayiswa kwayo kodwa uthi yena unamaphepha akhomba ukuthi ibiza uMnu Duncan Mlaba.

"Indaba yokudayiswa komuzi iphakathi kwabantu abibili, ngakho ngeke ngipahwule ngayo, engizokuphendula wukuthi nginamaphepha abhalwe igama lika-Mnu Mlaba (Duncan) nomkakhe," kusho yena.

UMnu Mbulelo Baloyi okhulumele uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natal, uthi le ndlu isabiza uhulumeni, aekho umuntu onelungelo lokuyidayisa.

Uthi uMnu Mlaba kuzomele aye ekhansele ukuze lizomsiza ekutheni baxhumane nehhovisi lakwaProperty Management, okuyilonela elizoveza ukuthi uhlelo lokusintsha umuzi ukuba uye ngaphansi kothile noma ubize othile emdenini lwagcina kuphi.

UMnu Msawakhe Mayisela okhulumele uMasipala we-Theku, le ndlu engaphansi kwa-wo, uceilie ukutheyelelwia imibuzo azoyidlulisela eminyangweni ethintekayo, koda kuze kwashaya isikhathi sokuloba zingabu-yanga izimpendulo.